

## IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

30/2015 Intshumayelo ngomkhosi wokukhumbula ukuthululwa kukaMoya oNgcwele, ngomhla ka 24. 05. 2015

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

Izwi elongamela lomkhosi, lilotshiwe ku Zak. 4:6, lithi: **"Kungabi ngamandla, kepha kube-ngomoya wami kuphela, usho uJehova-Sebawothi."**

1. Iculo 132/114

2. **Umkhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu, Mninimandla onke, siphambi kobuso bakho ukulizwa izwi lakho. Nkosi, siyabonga ukuthi usiphe uMoya oNgcwele ehlele naphezu kwethu, siyibandla lakho. Nkosi, siyacela nathi ukuba uMoya wakho oNgcwele ahlale kithi asifundise, asikhumbuze konke ositshele khona, kuthi ngaye uMoya oNgcwele, sikuthande, sigcine izwi lakho. Nkosi, ukuthula kwakho makuhlale kithi, manje, kuze-kube phakade. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe kuJowele 3:1-5;

Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kuzo izEnzo 2:1-18;

Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe ku-Johane 16:5-15.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 131/113

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. **Ivangeli** ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuJohane 14:23-27, lithi: "UJesu waphendula, wathi kuye: Uma umuntu engithanda, uyakugcina izwi lami; uBaba uyakumthanda; siyakuza kuye, sihlale naye. Ongangithandiyo kagcini amazwi ami, nezwi enilizwayo akusilo elami kepha ngelikaBaba ongithumileyo. Ngikhulumé lokho kini ngisahlezi nani. Kepha uMduduzi, uMoya oNgcwele, uBaba ayakumthumela egameni lami uyakunifundisa konke, anikhumbuze konke enginitshele khona. Ukuthula ngikushiya kinina, ukuthula kwami nginipha khona. Akunjengokupha kwezwe ukunipha kwami. Inhliziyo yenu mayingakhathazeki, ingesabi." Amen.

**8. Intshumayelo:** Umusa, isihe, nokuthula okuvela kuye okhona, owayekhona, oseza makube kini! Amen. Amadoda avama ukusolwa ngamakhosikazi awo ngenxa yokukhohlwa izinsuku zeminyaka zokukhumbula omshado, noma usuku lokuzalwa, noma usuku oluhleliwe ukuya kudokotela wamazinyo. Kwenzeka ukuba basolwe ngesizathu. Kwenzeka ukuba sikhohlwe yikho okwadingeka impela ukukhunjulwa. Kukhona okuthile kwenzeka ukuba amaLuthere asolwe ngabathile ukuthi ayakhohlwa ukukhuluma ngoMoya oNgcwele, bathi: Bayakhuluma ngokubalelwa ukulunga kukaKristu ngomusa ngokukholwa nguKristu; bathi: Bakhuluma kaningi ngohlamvu lwesine lwesivumo saseAugsburg; bathi: AmaLuthere azi konke okuqondene noNkulunkulu uYise, nokukhuluma kakhulu ngoJesu, kodwa bathula ngoMoya oNgcwele. Inkulumbo enjalo iqinisile na? Amaluthere akhohliwe yindaba kaMoya oNgcwele? Basolwa kanjalo ngokufanele na? Basolwa kanjalo yibo kuphela, abangakhumbuli incazo yohlamvu lwesithathu lwenkolo yobuKristu, yibo kuphela abangasonti ngomkhosi wokukhumbula ukuthululwa kukaMoya oNgcwele.

Njengalokhu sigubha umkhosi wePhentekoste. Lomkhosi oyabizwa ngokuthi kungowePhentekoste, ngokuba ngaleligama kushiwo usuku lwamashumi ayisihlanu, ngokuba kwenzekile ngalolusuku emva kokuvuka kweNkosi uJesu Kristu, amaviki ayisikhombiso kusukela kukho. Kulomkhosi kuyafundwa enkonzweni okulotshiwe kuzo izE. 2 ukuthi “ngokungazelelwe kwavela ezulwini inhloko kwangathi eyokuvunguza okomoya onamandla, yona yagcwalisa indlu yonke ababehlezi kuyo. Kwase kubonakala kubo izilimi ezahlukeneyo kungathi ezomlilo; zahlala phezu kwalowo nalowo kubo abaphostoli. Base begcwala bonke uMoya oNgcwele, baqala ukukhuluma ngezinye izilimi, njengalokhu uMoya wabapha ukuphumisela.” Babekhuluma ngezilimi ezingaziwanga yibo ngaphambili. Babezwa bakhuluma ngezilimi zakubo ngemisebenzi emikhulu kaNkulunkulu, noma bebevele emazweni ahlukeneyo.

UPetru wayesesukuma nabayishumi nanye, waphakamisa izwi lakhe, waphumisela wathi kubo: Abantu bangamangali nje, kodwa bazi ukuthi okwenzekile ngokuthululelwa kukaMoya oNgcwele kubo kugcwalisekile okwakhulunywa ngumprofethi uJoweli okwabhalwa nguye eTestamenteni elidala, futhi uPetru wakhuluma ngokukhanya okukhulu ngempilo, ngokufa, ngokuvuka, nokwenyukela kukaKristu ezulwini, enguye othumile uMoya ngokwesithembiso sakhe, uPetru wabaluleka ukuba phenduka nokubhaphathizwa egameni likaKristu. Kwabhaphathizwa ungathi abayizinkulungwana ezintathu.

Kukhona abachaza okwenzekile ngalelolanga ngokusho ukuthi yiyo indlela uMoya oNgcwele azibonakalisa ngayo nokusebenza kanjalo ukuba kudingekile ukuba afike ebantwini njengesivunguvungu. Njalo uMoya umelwe ukunika abantu ukukhuluma ngezilimi, noma bakwitise nje, abanye bacabange ukuthi badakiwe. Bathi: kuyisilinganiso esimfakazelayo ukuthi baphiwe uMoya impela. Bazizwele ukuthi bakhwelwe uMoya.

Sekuyalandela inkohliso enye ukuba bathi: Uma ungazizweli uMoya kanjalo, uMoya akekho. Uma ungezwa loyamoya wesivunguvungu, uma ungakhulumi ngezilimi, uma ungakhwelwa ngumoya okunyakazisayo, awukabi naye. Yiso isizathu yini esenza ukuba bathi, thina maLuthere sikhohliwe ukukhuluma ngoMoya oNgcwele?

Bathi: Isimiso sabo siqinisile. AmaLuthere akhohliwe ukukhuluma ngoMoya oNgcwele. Uma uvakeshela ngesonto ekuseni, ngeke ufumane abantu abakhwishizayo, abakwitisayo ebandleni lamaLuthere.

Kanti amaLuthere ayakhumbula okwathenjiswa yiNkosi yethu uJesu Kristu ngokuthembisa abafundi bakhe uMoya oNgcwele ngamazwi alotshiwe evangelini likaJohane. Khona kuyabonakala okunye, uJesu uthi: UYise uyakuthuma uMoya oNgcwele kubo egameni lakhe, wathi: UMoya oNgcwele, uMduduzi "uyakunifundisa konke, anikhumbuze konke enginitshelé khona." Okukuqala esimelwe ukukhumbula njalo yilokhu: UMoya oNgcwele akazishumayeli yena. Uqobo lwesithathu lobuThathwemunye uyeza kithi egameni likaKristu. Uyasebenza eyisiThunywa noMmeli kaKristu. Uyabizwa ngegama elihle elithi: UnguMoya kaKristu. Uyasekela indaba kaKristu, uwambula, uyafakazela umsebenzi wakhe. UMoya oNgcwele uyashumayela uKristu, enguye obethelwe esiphambanweni. Umgomo womsebenzi kaMoya oNgcwele, nenhloso yakhe ingukukhazimulisa uKristu, kungabi ukuveza ukukhwishiza nokukwitisa kwamakholwa, noma ukuzizwela okumangalisayo, noma amandla amangalisayo kuwo.

Nezibonakaliso zomkhosi wePhentekoste ziyabukeka ungathi ukuba kunyakaziswe abazibonayo, kodwa intshumayelo kaPetru iyasiqondisa kahle ukuba konke kwenzekile ukuba abaphostoli bathole ithuba ukumemezela imisebenzi emikhulu kaNkulunkulu, kushunyayelwe uKristu obhethelwe esiphambanweni nokuvuswa ekufeni ngosuku lwesithathu, abantu bamenywe ukuba bazinikele ekukholweni nasembhaphathizweni, bakholwe intethelelo yezono zabo egameni likaKristu. Yiyo inhloso yomkhosi wokuthululwa kukaMoya oNgcwele, kushunyayelwe uKristu, kugcwaliseke izithembiso zezwi leTestamente elidala, nesipho

sokuphenduka nokubhaphathizwa nokukholwa nguKristu. Ingqikithi kaPhentekoste yayingesiso isivunguvungu sikaMoya, noma inkulumo ngezilimi, nokuziphatha njengabadakiwe, kodwa intshumayelo ngoKristu nombhaphathizo ongcwele. Kwenzekile ngezwi likaKristu ukuba uMoya oNgcwele athinte izinhliziyi zabayizinkulwane ezintathu, nokubaphendula ngalolusuku.

Okuhloswa ngabantu abaningi kungukufuna njalo okumangalisayo. Bashesha badinwa ngezinto ezibukeka nje ukuthi zenzeka ngezinsuku zonke, babheka ukuba kwenziwe okuthile okuthinta imizwa, okubukekayo njengezimangalisayo. Bathanda ukubanjwa yikho emoyeni bakhulume ngezilimi ezingaqondakali. Uma benza okulula, okujwayelekile, bashesha ukukhohlwa okuyingqikithi negugu impela.

Ngesithembiso sakhe ngokuthuma uMoya wakhe uJesu uyakhuluma ngokuyingqikithi negugu ekuthunyweni kwakhe. Okuyingqikithi ingukuhlanganiswa noYise, kokuba ahlangane nabantu bakhe. UJesu uthi: "UJesu waphendula, wathi kuye: Uma umuntu engithanda, uyakugcina izwi lami; uBaba uyakumthanda; siyakuza kuye, sihlale naye. Ongangithandiyo kagcini amazwi ami, nezwi enilizwayo akusilo elami kepha ngelikaBaba ongithumileyo. Ngikhulumé lokho kini ngisahlezi nani. Kepha uMduduzi, uMoya oNgcwele, uBaba ayakumthumela egameni lami uyakunifundisa konke, anikhumbuze konke enginitshelé khona." Okuphawulwayo nguKristu, akugcizelelayo kuluthando lukaYise olusambulelayo ukuthi uNkulunkulu uyeza kithi, uthanda ukuhlala nathi, kithi. Lokhu uJesu akugcizelelayo kuyinhlangano yokumthanda uKristu, nokulalela ukufundisa kwakhe, uthi: "Ongithandayo uyagcina izwi lami. Ongangithandiyo akuyakugcina izwi lami."

Akasho ukuthi mhlawumbe uyakuligcina, uthi ongithandayo akuyakugcina izwi lami. Ukugcina amazwi akhe kusho ukumazi, nokumuzwa izwi lakhe, Ukugcina izwi lakhe kusho ukugubha insindiso esiyilungiselwe nguKristu, ngokuphila kwakhe, nangokufa kwakhe. Insindiso yethu iyenzeka ngenxa yomusa. Isho ukuhlala noNkulunkulu, ukwamukela amandla ngaye ngokusondela njalo esidlweni sikaKristu, nokusonta enhlanganweni yebandla. Isho ukusekela njalo ukumenyezela kukaKristu, ngeminikelo, nangokumfakazela uKristu phambi kwabantu. Insindiso ekuKristu isho ukuba kuNkulunkulu, ukuhlala kuye, ukuphila naye, nokuphila ngaye. UJesu uthi "ongithandayo uyakugcina izwi lami." Akasho ukuthi angaligcina, noma uzozama ukuligcina. Uthi ongithandayo uyakuligcina izwi lami. Kuyinkulumo yomusa, kululimi likaNkulunkulu, olusisekelayo, noma sihluleka kaningi ngokuleqa izwi lakhe. Izwi likaKristu liyasiqiniseka ekukholweni isithembiso sakhe.

Kwenzeka kuphela ngoMoya oNgcwele ukuba siphumelele ukugcina izwi likaKristu. UJesu uthi: UMoya oNgcwele uyakunifundisa ukuba nikhumbule konke enginitshel' khona. UMoya oNgcwele uyadingeka impela ekuphileni kweKerike, wasibizela ekukholweni ngevangeli, wasikhanyisa ngezipho zakhe, uyasilondolozela ekukholweni kweqiniso. Yikho akwenzelayo wonke amakholwa. Ebandleni likaKristu uyasithethelela kanye namakholwa onke imihla nemihla kakhulu zonke izono zethu.

Kwenzeka ukuba sithande ukuba kubonakaliswe njalo ngokusha sobala umsebenzi kaMoya. Kodwa okubonakalayo ngemisebenzi wakhe asivunyelwe ukukuphakamisa noma nini ngokusho ukuthi kuyinto edingekayo. Okubukekayo ukuthi kuyisimangaliso emehlweni abantu akudingeki kube ubufakazi bokuthi uMoya uyasebenza kithi. Okudingekayo ngokwempela kube ubufakazi beqiniso kungubufakazi bakhe ngoKristu, namazwi kaKristu.

UMoya oNgcwele uyasebenza njalo lapho kufundiswa nokusetshenziswa khona izwi likaNkulunkulu nokwabelwa khona amasakramente ngokushiwo kwezwi nangokweqiniso nangokuhlambulukile kahle, ngesikhathi sinye ngokubonakaliswa, noma ngesikhathi esinye ngokungabonakali. Okubiziwe nguNkulunkulu kuyakhanya, ngokuba uJesu wathi uMoya oNgcwele uzosebenza lapho kushunyayelwa khona nokufundiswa khona izwi likaNkulunkulu ngokuyikho. UMoya oNgcwele uyasebenza lapho amasakramente, umbhaphathizo nesidlo seNkosi, ephathwa khona nokwabelwa khona ngokwesimiso sawo, ngokwevangeli. Ngalamasu omusa uMoya oNgcwele uyaveza ukudabuka ngezono, nokuphenduka, nokukholwa ngokwabelwa kwentethlelo kaNkulunkulu. Masingakhohlwa yilo leliqiniso.

Kuthé uAlexandere Solzhenitsyn abelwe "Nobel Peace Prize" wabuzwa ukuthi kwenzeka kanjani ukuba isingelezi saseRussia ngo-1917 siphakamise ubukhomanisi kangaka ezweni lakubo, waphendula wathi: Isizwe sakubo sasikhohliwe uNkulunkulu. Umhudulo omubi kangakanani wenzeka lapho isizwe sikhohlwa nguNkulunkulu? Imilando yakho okwenzekile ngaphambili iyasikhumbuza ukuthi okunjalo kwenzeké kalula, kaningi. Masingakhohlwa nguNkulunkulu! Masimfuneni lapho engafunyanwa khona. Simfune kulendawo ephawuliwe nguye ukuthi uyafunyanwa khona, ezwini nasemasakramenten abelwa ngokwevangeli. Khona uMoya oNgcwele uyakuzibonakalisa khona ngokusambulela uthando lukaNkulunkulu olukuJesu Kristu. Amen.

**9. Umkhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu, Baba osezulwini, sibonga izithembiso zothando lwakho olukhulu osithembisele zona ngokusambulela ukufa nokuvuka kweNdodana yakho,

nangokusithumela uMoya wakho oNgcwele ukwakha ikerike lakho emhlabeni ngentshumayelo yevangeli nokwabelwa kwamasakramente nokusithethelela izono zethu ngenxa yeNdodana yakho uJesu Kristu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 136/118

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyu zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2015 ngu-K. Böhmer.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.